## Umsebenzi

1. Phendula lemibuzo elandelayo

a) Yikuphi kulendawo lapho yenzeka khona lenganekwane?
b) Babebangakhi abafana kulomuzi?
c) Amankentshana ayethanda ukudlani?
d) Wenzani umfana lapho ebona amankentshana engezi?
e) Enzani amadoda lapho ezwa igama elithi ‘amankentshana’?
f) Uthini umusho wokuqala wesiqubulo sempi samadoda?
g) Athini amagama amabili okugcina esiqubulo sempi samadoda?
h) Wathini umfana lapho amadoda embuza ukuthi aphi amankentshana?
i) Wenzani umfana lapho esebona amankentshana eqhamuka?
j) Amadoda enzani lapho ezwa izwi lomfana ememeza ngezwi elifuna ukukhala?

2. Qedela

a) Amantombazana ayesebenza imisebenzi ye__________ kanye_____________.
b) Umfana yena wayelusa _____________ e________________.
c) Lapho umfana ehleka, amadoda athukuthela ____________ unwabu.
d) Amankentshana angina _____________ _____________ azidla zaphela nya!
e) Lapho umfana eseya ekhaya ekushoneni kwelanga kwaku____________________.

## Umdlalo

Cabangisisa ukuthi kwenzekani lapho umfana efika ekhaya. Yenza umdlalo okhombisa isiphetho salenganekwane. Dlalani lomdlalo nabanye abafundi.

## Umbhalo: Inkulumo elotshiweyo

Bhala ngesisodwa salezizihloko:

Isifundo esitholakala kulenganekwane esiphathelene nathi banamhlanje kulezinsuku;

Bhala ngokuthi ubuyokwenzenjani ukuba wawungubaba walomfana;

Bhala ukhombise ukuthi yayingavikeleka kanjani lenkinga yokudliwa kwezimvu.

Bhala usho ukuthi ucabanga ukuthi umfana wabangelwa yini ukwenza lokhu akwenzayo.